**20** Ngimtholile uDavida
Oyinceku yami,
Ngimgcobile ngamafutha
Ami ayingcwele.

**21** Okuzakuthi isandla
Sami sime laye,
Ingalo eyami layo
Izakumqinisa.

**22** Isith' asiyikufuna
Umthelo kuyena,
Lendodana eyobubi
Kayiy'kumtshutshisa.

**23** Ngizazitshaya izitha
Zakhe phambi kwakhe,
Ngizakubahlupha bona
Abamuzondayo.

**24** Uthembeko lom'sa wami
Kuzakuba laye,
Uphondo lwakhe loqonga
Ebizweni lami.

**25** Mina ngizakusimisa
Esakho isandla
Olwandle, lesokunene
Sakhe emfuleni.

**26** Uzakhala kimi athi:
Wena unguBaba,
INkosi yami, ledwala
Losindiso lwami.

**27** Lami futhi ngizamenza
Izibulo lami,
Ngimqongise ngaphezulu
Kwamakhosi ezwe.

**28** Ngomgcinela isihawu
Sihlale njalo nje,
Lesivumelwano sami
Sizaqina laye.

**29** Ngizalond' inzalo yakhe,
Ihlale njalo nje,
Njengezinsuku zezulu
Isihlalo sakhe.

**30** Uba abantwana bakhe
Bedela umlayo
Wami, bengahambi kuzo
Izahlulo zami,

**31** Nxa besephul' izimiso
Zami bezidela,
Bangayilond' imithetho
Yonale eyami,

**32** Ngothi ngehlele isono
Esabo ngentonga,
Leziphambeko ezabo
Ngoswaz' olunzima.



**6** Kuzakuth' umhlaba
Uleth' izithelo;
UThixo uThixo wethu
Uzasibusisa.

**7** Izasibusisa
INkosi, kuzathi
Yonke imikhawulo bo
Yomhlab' iyesabe.

## Isihlabelelo 68

*Kumqondisi wokuhlabelela.*
*Isihlabelelo, ingoma kaDavida.*

**1** Kavuke uNkulunkulu,
Kuchithwe izitha,
Lalabo abamzondayo
Abambalekele.

**2** Njengentuthu iphetshethwa
Bamukise wena,
Njengengcin' incibilika
Phambili komlilo.

**3** Ababi kababhubhe bo
Phambi kway' iNkosi.
Kodwa abalungileyo
Babe lentokozo.

Kabajabule-ke phambi
KukaNkulunkulu
Yebo, kabathokoze-ke,
Ye kakhulukazi.

**4** Hlabelela kuJehova
Izibongo zakhe,
Lidumis' ibizo lakhe
Lidumise yena.

Yen' okhwel' emazulwini
Ngebizo lakh' uJah,
Njalo lithabe impela
Khona phambi kwakhe.

**5** Uyise wezintandane
Ngumahluleli bo
Wabafelwakaz', iNkosi
Kundlu yay' engcwele.

**6** UNkulunkul' uhlalisa
Ababodwa ngazo
Izindlu ngezindlu. Njalo
Abakhuphe labo

Ababotshwe ngawo wona
Amaketane bo,
Kodwa abavukelayo
Bahlal' enkangala.

**7** Nkulunkul' usukhokhela
Abakho abantu,
Ubahola udabula
Lezozinkangala.

**8** Umhlaba wanyikinyeka,
Lawo amazulu
Athontisa phambi kwakhe
Yen' uNkulunkulu.

Ngitsho layo iSinayi
Yanyikinyeka bo
Phambi kukaNkulunkulu,
'Thixo ka'Srayeli.

**9** Nkosi, wanisa kakhulu
Ngalo, wal'qinisa
Ilifa elakho, lapho
Selidiniwe-ke.

**10** Ibandla lakho lihlezi
Khonapho, o Nkosi,
Ulungisel' abayanga
Ngobakho ubuhle.

**11** INkosi yanika izwi:
Ixuku lona-ke
Elakubikayo khona
Lalil'khulukazi.

**12** Amakhosi empi yona
Abaleka wonke,
Lomfaz' owasal' ekhaya
Wabelwa impango

**13** Lanxa lilel' embizeni,
Lofana lempiko
Zamajuba esiliva,
'Nsiba zegolide.

**14** Laph' uSomandla echitha
Amakhosi kukho,
Kwanjengeliqhwa eSalmon'
Elikhithikayo.

**15** Intaba kaNkulunkulu
Ifana lentaba
YaseBashane ngobude,
Intab' iBashane.

**16** Leqelani-ke zintaba?
UThix' uthand' uku-
hlala khona; 'Nkos' yohlala
Khona laphakade.

**17** 'Nqola zikaNkulunkulu
Zizinkulungwane
Ezimatshum' amabili,
Izinkulungwane
Ezazo izingilosi.
INkos' iphakathi
Kwazo njengaseSinayi
Endawen' engcwele.

**18** Wenyukela phezulu-ke,
Udons' izigqili
Khona ebugqilini bo,
Wemukel' izipho
Zona ezabo abantu
Lab' avukelayo,
Ukuze uMlim' iNkosi
Azehlala kibo.

**19** Ibusisiwe iNkosi
Esipha izipho
Insuku zonke, uMlimu
Wosindiso lwethu.

**20** Yen' uNkulunkulu wethu
Ungowosindiso,
KuThix' iNkosi kuloku-
phuma ekufeni.

**21** 'Nkulunkul' uzalimaza
Ikhanda lezitha,
Aziqothul' izinwele
Ezaso isoni.

**22** Ngabantu bayo iNkosi
Yathi: Ngobasusa
EBashane, laselwandle
Ngibabuyise bo.



**5** Amazulu azabonga
Izimanga zakho,
Nkosi, uthembeko lwakho
'Bandlen' labangcwele.

**6** Ngoba ngubani kulabo
Abasezulwini
Ongalinganiswa laye
Yena uJehova?

Kambe ngubani phakathi
Kwalamadodana
Eziqhwag' ongafaniswa
Laye uJehova?

**7** Makesatshwe uJehova
'Bandlen' labangcwele,
Ahlonitshwe yibo bonke
Abamhanqileyo.

**8** Nkosi, Thixo wemikhosi,
Nguban' onjengawe
Ngamandl'? Uthembeko lwakho
Olukuhanqile?

**9** Iziphepho zaselwandle
Ziyabuswa nguwe,
Nxa amavinqo evuka
Uyawachumisa.

**10** Ufohloze iRahabi
Njengobuleweyo,
Uchithe izitha zakho
Ngengal' yamandl' akho.

**11** Amazulu angawakho,
Kanye lomhlaba lo,
Umhlaba lemvamo yawo
Wasekelwa nguwe.

**12** Wadala iningizimu
Layo inyakatho,
IHermoni leTabori
Kothokoza ngawe.

**13** Ulengalo elamandla,
'Sandla siqinile,
Siphakeme son' isandla
Sakho sokunene.

**14** Ukuqonda lesigwebo
Kukumbuso wakho,
Isihawu leqiniso
Kuhamba phamb' kwakho.

**15** Bayabusiswa sibili
Labo abantu-ke
Abawaziyo umsindo
Othokozisayo.

Bazakuhamba, o Nkosi,
Bephakathi kwakho
Ukukhanya okobuso
Bakho, wena Nkosi.

**16** Bazatshona bejabula
Ebizweni lakho,
Ekulungeni okwakho
Bazaphakanyiswa.

**17** Ngoba uludumo lwawo,
Amandla awabo,
Uphondo lwethu loqonga
Ngesihawu sakho.

**18** Ngokuba yona iNkosi
Yimvikelo yethu,
LoNgcwele wako'Srayeli
Uyinkosi yethu.

**9** Mina elami ilihlo
Liyalila lona
Ngenxa yesizatho sona
Esalo uhlupho.

Nkosi ngakubiza mina
Izinsuku zonke,
Ngizelulile izandla
Zami ngakuwena.

**10** Uzabonis' izimanga
Kubabafileyo?
Bazavuk' abafileyo
Bakudumise na?

**11** Kuzatshunyayelw' uthando
Lwakho engcwabeni?
Kumbe uthembeko lwakho
Encithakalweni?

**12** Izimanga zakho zokwa-
ziwa emnyameni?
Lokulunga elizweni
Lokukhohlwa yini?

**13** Kodwa ngakuwe ngakhala,
Wena, o Jehova,
Ekuseni umthandazo
Wam' uphambi kwakho.

**14** Nkosi, kungani ulahla
Umphefum'lo wami?
Kungani ungifihlela
Obakho ubuso?

**15** Ngihlutshiwe ngilungele
Ukuf' ebutsheni,
Ngisizwa ukwesabeka
Kwakho ngidangele.

**16** 'Laka lwakh' olutshisayo
Ludlula phez' kwami,
Ukwesabeka okwakho
Sekungiqumile.

**17** Kuyangihanqa-ke mina
Izinsuku zonke
Njengamanzi, kungihanqa
Konk' indawo zonke.

**18** 'Sithandwa lomngan' ubase
Khatshana le lami,
Ujwayelo lwami lona
Khona emnyameni.

## Isihlabelelo 89

*IMasikili kaEthani umEzira.*

**1** Ngizahlabela ngomusa
WeNkosi phakade,
Ngitshel' izizukulwana
Ngothembeko lwakho.

**2** Ngoba ngithe: Kokwakhiwa
Umusa phakade,
Uzamisa uthembeko
Lwakho ezulwini.

**3** Ngenze isivumelwano
Lay' umkhethwa wami,
Ngifungile kuDavida
Oyinceku yami.

**4** Ngizaqinisa phakade
Eyakho inzalo,
Ngizakwakhel' ubukhosi
Emideni yonke.



**23** Ukuz' ucwilis' unyawo
Lwakho egazini
Lezitha zakho, lolimi
Lwezinja zakh' kulo.

**24** Sebebone izinhambo
Ezakho, Jehova,
Nkulunkulu, Nkosi yami,
Kundawo engcwele.

**25** Abaculi bakhokhela,
'Batshayi bogubhu
Lezintombi zazilapho,
Zibetha ichacho.

**26** Bongan' uThix' ebandleni,
Ngitsho yon' iNkosi,
Elivele emthonjeni
WakwaIsrayeli.

**27** Ukhona uBenjamini
Engomuncinyane,
Balaye umbusi wabo
Yena okaJuda,

Amakhosi ayelawo
Amacebo awo,
Amakhosana awakwa-
Zeb'loni, Naftali.

**28** 'Nkosi yakho imisele
Awakho amandla,
Qinisa Nkosi khonokho
Osenzele khona.

**29** Ngenxa yelakh' ithempeli
LaseJerusalem'
Amakhosi azaletha
Zon' izipho kuwe.

**30** Khuza bona abemkhonto,
Umhlambi wenkunzi,
Lamankonyana abantu,
Baze bona bonke

Bazinikela bephethe
Inhlamvu zesil'va,
Abantu abathokoza
Empini bachithe.

**31** Amakhosan' azaphuma
'Gibithe; masinya
'Eth'yopiya yokwelula
'Sandla say' kw'iNkosi.

**32** Hlabelan' kuNkulunkulu,
Mibuso yomhlaba,
Lihlabelel' indumiso
Kuyona iNkosi.

**33** Kuye okhwela phezulu
Kwawo amazulu,
Endul', athume elakhe
Ilizw' elikhulu.

**34** Nikan' iNkosi amandla,
Ubukhosi bayo
Buphezu kuka'Srayeli,
Lamandl' emafini.

**35** Uyesabeka, o Nkosi,
Kwezakho indawo
Ezingcwel', uNkulunkulu
Wakh' uIsrayeli

Nguye ophayo amandla
Njalo lokuqina
Ebantwini bakhe. Kayi-
busiswe iNkosi.

## Isihlabelelo 69

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeShoshanimi. EsikaDavida.*

**1** Ngisindise, Nkulunkulu,
Ngokuba amanzi
Asefinyelele kuwo
Umphefum'lo wami.

**2** Ngiyatshona edakeni,
Kangilakh' ukuma,
Sengingene emanzini,
Zang'minz' impophoma.

**3** Ngidinwe yisililo sam',
Womil' umphimbo wam',
Amehlo ayafiphala,
Ngilind' iNkosi yam'.

**4** Abangizondela ize
Banengi kulazo
Inwele zekhanda lami.
Balamandla futhi

Abangangibhubhisa m'na
Izitha zam' ngeze,
Ngakho sengibuyisele
Engingakwebanga.

**5** Nkulunkulu uyabazi
Ubuthutha bami,
Azifihlekile kuwe
Ezami izono.

**6** Abalinda kuwe bona
Kabangayangeki
Ngenxa yami, Nkulunkulu
Nkosi yamabandla.

Abakudingayo bona
Kabangadideki
Ngenxa yami, Nkulunkulu,
Nkosi ka'Srayeli.

**7** Ngoba ngenxa yakho sengi-
thwele lon' ihlazo,
Zona izinhloni sezi-
mboz' ubuso bami.

**8** Sengingowemzini kubo
Bon' abafowethu
Lowezizwe kubo aba-
ntwana bakamama.

**9** Ngoba inkuthalo ngayo
Indlu engeyakho
Isithe yangidla yona
Yaze yangiqeda.

Njalo inhlamba zalabo
Abakuthukayo
Sezithe zawela khona
Phezulu kwami bo.

**10** Lapho ngabe ngilila m'na,
'Mphefum'lo useku-
zileni, ukudla kwami
Ngadunyazwa ngakho.

**11** Ngenza amasaka aba
Yisigqoko sami,
Ngaba yinhlekisa mina
Kibo labo bonke.



Khangela iFilistiya
Lakuyo iTire,
L'Etiyopiya, lumuntu
Wazalelwa khona.

**5** NgeZiyoni kuzathiwa:
Lo lay' wazalelwa
Khona, yen' oPhezukonke
Uzakulimisa.

**6** Ekubhaleni abantu
INkosi yobala
Ukuthi yena lumuntu
Wazalelwa khona.

**7** Koba laph' abahlabeli
Lentshayi zechacho,
Imithombo yonke yami
Yona ikuwena.

## Isihlabelelo 88

*Ihubo, isihlabelelo. Kubantwana bakaKora. Kumqondisi wokuhlabelela. NgeMahalathi-Leyanothi. IMasikili kaHemani umEzira.*

**1** Nkosi, Thixo wosindiso
Lwami, ngikhalile
Emini lasebusuku
Khona phambi kwakho.

**2** Vumel' umthandazo wami
Uze ngakuwena,
Lulamis' indlebe yakho
Ekukhaleni kwam'.

**3** Ngoba umphefum'lo wami
Ugcwele inhlupho,
Impilo yam' isondela
Khona engcwabeni.

**4** Ngibalwa labo abaya
Khona emgodini,
Senginjengayo indoda
Eswele amandla.

**5** Ngikhutshwe labafileyo
Njengababulewe,
Bona-ke abaleleyo
Kulona ingcwaba,

Ongasabakhumbuliyo,
Ngitsho lakanye nje,
Sebequnyiwe-ke bona
Kus' isandla sakho.

**6** Ungilalisile mina
Kumgodi ophansi
Kulayo yonk' emnyameni
Khon' ekujuleni.

**7** Ulaka lwakho-ke lona
Selungisindile,
Wasungihlupha ngawakho
Wonk' amagagasi.

**8** Usubahlukanisile
Abangane bami
Baba khatshana lami-ke.
Futhi ungenzile

Mina ngenyanyeka kibo,
Futhi ngivalelwe,
Njalo ngingeke ngiphume,
Impela ngingeke.

Hlanganisa inhliziyo
Eyami, ukuze
Ibe lokwesaba lona
Elakho ibizo.

**12** Nkulunkul', ngizakubonga
Ngenhliziyo yami
Yonke, ngizakudumisa
Kokuphela, Nkosi.

**13** Ngoba isihawu sakho
Sikhulu ngakimi,
Ukhulul' umphefum'lo wam'
Phans' esihogweni.

**14** Nkosi, abaziqhenyayo
Bayangivukela,
Lemibuthano yabantu
Abavukelayo

Labantu abazingela
Umphefum'lo wami,
Njalo kababakubekanga
Wena phambi kwabo.

**15** Kodwa wena, hawu Nkosi,
UnguNkulunkulu,
UnguMlimu ogcweleyo
Ugcwele uzwelo,

Lawo umusa ngowakho,
Lal' ubekezelo,
Lesihawu singesakho,
Lalo iqiniso.

**16** O phendukela ngakimi,
Ube lesihawu,
Uyiphe amandla akho
Eyakho inceku.

Njalo-ke uyisindise
Yona indodana
Eyayo incekukazi,
Yona-ke eyakho.

**17** Ngitshengise lon' uphawu
Olwakho okuhle,
Kuze kuthi abazondi
Bami balubone

Njalo kababe lenhloni.
Ngoba wena, Nkosi,
Usungisizile mina
Ungiduduzile.

## Isihlabelelo 87

*Kubantwana bakaKora.*
*Isihlabelelo, ihubo.*

**1** Isisekelo-ke sona
Sayo sikuzona
Izintaba, zona lezo
Ezingcwele zayo.

**2** 'Nkosi ithand' amasango
AwaseZiyoni
Okwedlul' indawo zonke
EzikaJakobe.

**3** Izinto ezilodumo
Zikhulunywa ngawe,
O wena, muzi omkhulu
OkaNkulunkulu.

**4** Ngizakuyiqamba yona
IRahabi layo
IBhabhiloni kubona
Abangaziyo m'na.



**12** Abahlezi esangweni
Bakhuluma ngami,
Ngaba yiyo yon' ingoma
Yazo izidakwa.

**13** Kodwa umthandazo wami
Ungakuwe, Nkosi,
Ngaso sona isikhathi
Esomusa wakho.

Nkulunkulu ngobunengi
Besakh' isihawu,
Ngizwe, kulo iqiniso
Losindiso lwakho

**14** Ngikhuphe edakeni bo,
Ngingaze ngatshona,
Ngikhutshwe kubazondi bam'
Lakwanzul' amanzi.

**15** Ngingaminzwa zimpophoma,
Ngingaginywa 'nziki,
Ngivalelwe emlonyeni
Owawo umgodi.

**16** Kawungizwe, Nkosi, ngoba
Uthando lwakh' luhle,
Ngobunengi besihawu
Phendukela kimi.

**17** Ungaze wafulathela
Eyakho inceku,
Phangisa ungizwe mina
Ngisenhluphekweni.

**18** Sondela emphefum'lweni
Wami, uwuhlenge,
Kawungikhulule ngenxa
Yezami izitha.

**19** Uyalaz' ihlazo lami
Lezinhloni zami
Lodelelo, izitha zam'
Zonk' ziphambi kwakho.

**20** Ihlazo seliyephule
Inhliziyo yami,
Ngigcwele bon' ubunzima,
Ngaswela umsizi

Ngitsho-ke umhawukeli
Akaze abakho,
Ngifuna abaduduzi,
Ngaswela loyedwa.

**21** Endaweni yakh' ukudla
Bangipha inyongo,
Sengiphakathi kokoma
Ngaphiw' iviniga.

**22** 'Tafula labo kalibe
Yiwo umjibila,
Okuqonde ukulunga
Akube ngumgibe.

**23** Kawabe mnyam' amehl' abo
'Kuze bangaboni,
Zihlale zithuthumela
Izinkalo zabo.

**24** Thela olwakho ulaka
Khona phezu kwabo,
Babanjwe lulaka lwakho
Lay' intukuthelo.

**25** Kuchithwe indawo zabo
Abahlala kuzo,
Kakungabikho ohlala
Emadumben' abo.

**26** Ngokuba bayakumhlupha
Low' otshaywe nguwe,
Bakhuluma besengeza
Kwab'linyazwe nguwe.

**27** Yandisa ububi babo
Phezulu kobunye,
Bangaze bangena kukho
Ukulunga kwakho

**28** Kabesulwe encwadini
Eyabaphilayo,
Bangaze balotshwa kanye
Labalungileyo.

**29** Kodwa mina ngingumyanga
Njalo ngilusizi,
Nkosi usindiso lwakho
Kalung'phakamise.

**30** Ngizalibonga ibizo
LikaNkulunkulu
Ngengoma, ngiphakamise
Ngazo izibongo.

**31** Lalokho koyithabisa
INkos' okwedlula
Inkabi kumb' ijongosi
Lempond' lamangqina.

**32** Othobekileyo uza-
bona lokh' athabe,
Yophil' inhliziyo yakhe
Odinga iNkosi.

**33** Ngoba iNkosi iyezwa
Bona abayanga,
Njalo kayizideleli
Izibotshwa zayo.

**34** Kayibongwe ngamazulu
Lomhlaba lolwandle,
Lakho konke okuhamba
Khona phakathi nje.

**35** 'Nkulunkul' uzakhulula
Yona iZiyoni,
Njalo ayakhe imizi
Yona eyeJuda,

Ukuze bona bahlale
Khona lapho, njalo
Bayizuze ukuze-ke
Kube yifa labo.

**36** Inzalo yenceku zakhe
Izakuyifuya,
Labathand' ibizo lakhe
Bazahlala kuyo.

## S.M. Isihlabelelo 70

*Kumqondisi wokuhlabelela.*
*EsikaDavida. Ukukhumbuza.*

**1** Woza uphangise,
Ungephule, Thixo,
Tshetsha uzengisiza bo,
Wena oyiNkosi.

**2** Kababe lenhloni
Njalo badideke
Abadinga won' owami
Umuphefumulo.



**10** Isihawu leqiniso
Kuhlangene, njalo
Ukulunga lokuthula
Lakho sekwangene.

**11** Iqiniso lizaphuma
Khon' emhlabathini,
'Kulunga kuzakhangela
Phans' kusezulwini.

**12** Yebo iNkos' izanika
Okulungileyo,
'Lizwe lethu lizathela
'Zithel' ezinengi.

**13** Ukulunga kuzahamba
Phambi kwayo, njalo
Izasimis' endleleni
Yez'nyathelo zayo.

## Isihlabelelo 86

*Umkhuleko kaDavida.*

**1** Bek' indlebe yakho, Nkosi,
Ukuthi ungizwe,
Ngoba mina ngingumyanga,
Njalo ngiyaswela.

**2** Londa umphefum'lo wami,
Ngoba ngingoqotho,
Nkosi nced' inceku yakho
Ethembela kuwe.

**3** Yiba lesihawu kimi,
Wena Nkulunkulu,
Ngoba ngikhalela kuwe
Izinsuku zonke.

**4** Thokozisa umphefum'lo
Wenceku yakh', ngoba
Kuwe, Nkos', ngiphakamisa
Umphefum'lo wami.

**5** Nkosi, wena ulomusa,
Ungoxolelayo,
Ugcwele son' isihawu
Kwababiza wena.

**6** Nik' indlebe, Nkosi, kiwo
Umthandazo wami,
Ulalele izwi lami
Lokuncenga kwami.

**7** Kusuku lohlupho lwami
Ngizakukubiza,
Ngakho-ke ngenxa yalokhu
Uzangiphendula.

**8** Phakathi kwabo omlimu
Kakh' ofana lawe,
Nkos', izenzo ezifana
Lezakho azikho.

**9** Zonk' izizwe ozenzile
Zoza zikukhonze,
O Nkosi, zizadumisa
Ibizo elakho.

**10** Ngokuba wena umkhulu
Njalo wena wenza
Izimangaliso; nguwe,
Nkulunkulu wedwa.

**11** Akungifundis' indlela
Yakho, o Jehova,
Ngizakuhamba ngelakho
Iqiniso, Nkosi.

Ngikheth' ukulind' umnyango
Wendlu yeNkosi yam'
Kulokuhlal' ethenteni
Elenkohlakalo.

**11** Ngob' iNkos' uNkulunkulu
Ulilanga lesi-
hlangu; iNkosi yonika
Umusa lodumo.

Kakukho uluth' oluhle
Azakubancitsha
Lona abahamba ngakho
Khona ukuqonda.

**12** Nkulunkulu wamabandla,
Yena umuntu lo
Ubusisiwe sibili
Othembela kuwe.

## Isihlabelelo 85

*Kumqondisi wokuhlabelela.*
*Kubantwana bakaKora.*
*Isihlabelelo.*

**1** Nkosi wawulal' uthando
Kulo izwe lakho,
'Kuthunjwa kukaJakobe
Ukubuyisile.

**2** Ububi babantu bakho
Ubuxolelile,
Zonke izono ezabo
Usuzigqibele.

**3** Wena usulususile
Lonk' ulaka lwakho,
Uphenduk' ekuvutheni
Kolwakho ulaka.

**4** Siphendule, Nkulunkulu
Wosindiso lwethu,
Wenz' ulaka lwakho lume,
Lungabuyi kithi.

**5** Kambe uzasizondela
Kokuphela yini?
Welule ulaka lwakho
Kuzizukulwana?

**6** Kawuyikubuya yini
Usivuselele,
Ukuze abantu bakho
Bathokoze kuwe?

**7** Sitshengise isihawu
Sakho, wena Nkosi,
Ubususinika wena
Olwakh' usindiso.

**8** Ngizakuzwa lokh' uThixo
INkos' ezakutsho,
Ngokuba uzakhuluma
Khona ukuthula

Kubo abantu abakhe
Lakubangcwel' bakhe,
Kodwa kabangabuyeli
Khon' ebuthutheni.

**9** Qhoth' 'sindiso lwakh' luduze
Labamesabayo,
Ukuz' udumo luhlale
Elizweni lethu.



Kabaphendulelwe,
Babuyel' emuva,
Badideke abafuna
Ukulimala kwam'.

**3** Kababuyiselwe
'Muva, kube 'mvuzo
Wenhloni zabo abathi:
Aha! Aha! kimi.

**4** Kakuthi bathabe
Njalo bajabule
Kuwe bonke labo bona
Abakufunayo.

Kabathi-ke njalo
Abaluthandayo
Lona usindiso lwakho:
Kay'phakam' iNkosi.

**5** Kodwa ngingumyanga,
Mina ngiyaswela,
Phangisa ukuza kimi,
Wena Nkulunkulu.

Ungumsizi wami,
Lomkhululi wami,
Wena Nkosi, ungaphuzi,
Phangisa masinya.

## Isihlabelelo 71

**1** Kuwe Nkosi, ngiyabeka
Lon' ithemba lami,
Ungaze wangiyekela
Ngibe lamahloni.

**2** Ngikhulule ngokulunga
Kwakh', ubusungenza
Ngiphunyuke, bek' indlebe
Kim' ungisindise.

**3** Yiba yindaw' eqinile
Yami yokuhlala,
Lapho engingaya khona
Kube njalonjalo.

Usulayile ukuthi
Ngisindiswe mina,
Ngoba ulidwala lami
Lay' inqaba yami.

**4** Ngikhulule, Nkosi yami,
Esandleni sakhe
Omubi longalunganga
Ongolesihluku.

**5** Ngoba ulithemba lami,
Nkosi Nkulunkulu,
Wena uyinqaba yami
Kwasebutsheni bam'.

**6** Kusizalo wangigodla,
Wena wangikhupha
Esiswini sikamama,
Ngokubonga njalo.

**7** Nginjengesimanga kuye
Uzulu, kodwa-ke
Wena uyiyo inqaba
Yam' eqinileyo.

**8** Umlomo wam' awugcwale
Ukubongwa kwakho,
Lalo udumo olwakho
Kulo lonk' usuku.

**9** Ungabongilahla mina
Lapho sengimdala,
Ungangitshiyi mina nxa
Amandl' am' ephela.

**10** Ngoba izitha ezami
Zitsh' okubi ngami,
Labahlomel' umphefum'lo
Wami betshelana,

**11** Beth': INkos' isimtshiyile,
Mzingelen' limbambe,
Ngoba kakho yen' olakho
Ukumkhulula bo.

**12** Ungaze waba khatshana
Lami, Nkulunkulu,
Phangisa, Nkulunkulu wam',
Ukusiza mina.

**13** Kabajabhiswe njalo-ke
Balotshiswe labo
Abayizitha zawo nje
Umphefum'lo wami.

Abembathiswe bona-ke
Ngesigcono njalo
Lehlazo bon' abadinga
Ukungilimaza.

**14** Kodwa ngizathemba mina
Kokuphela njalo,
Ngoba lokhu ngikubonga
Wena futhi futhi.

**15** Umlomo wam' wolandisa
Ukulunga kwakho
Losindiso nsuku zonke
Engingekubale.

**16** Ngizahamba emandleni
ENkos' uJehova,
Ngizaqamba ukulunga,
Okwakho kuphela.

**17** Nkosi ungifundisile
Kwasebutsheni bam',
Ngilokhu ngitshumayela
Izimanga zakho.

**18** Khathesi nxa sengimdala
Njalo ngiyingwevu,
O Nkosi, wena ungaze
Wangitshiya mina,

Ngize ngiwatshumayele
Awakho amandla
Kulesisizukulwana,
Bonk' abazakuza.

**19** Ukulunga kwakho lakho,
O Nkosi, kukhulu,
Wena owenzileyo bo
Izint' ezinkulu.

**20** O Nkosi, ngubani na nje
Ofanana lawe!
Wena ongibonisile
Insizi zohlupho;

Uzangiphilisa njalo
Ungiphakamise
Njalo khona enzikini
Eyawo umhlaba.

**21** Uzakuthi ubandise
Ubukhulu bami,
Futhi uzangiduduza
Kunhlangothi zonke.



**17** Kabajabhiswe phakade
Njalo bahlupheke,
Yebo-ke benziwe babe
Lenhloni, babhubhe.

**18** Ukuze abantu bazi
Wen', obizo lakho
Lodwa nguJehova, 'Phezu-
konke emhlabeni.

## Isihlabelelo 84

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeGiththi. Kubantwana bakaKora. Isihlabelelo.*

**1** Yek' ukuthandeka kwawo,
Hawu Nkosi kimi,
Amathente akho, Nkosi,
Wena wamabandla.

**2** Owami umphefumulo
Uyawalangatha,
Yebo, unxwanela ama-
guma kaJehova.

Inhliziyo yami layo
Yon' inyama yami
Iyakhala ikhalela
INkos' ephilayo.

**3** Yebo inyoni zithole
Indlu, lenkonjane
Isidleke sayo, lapho
Engabeka khona

Abantwana bayo lawo
Awakh' amalathi,
O Jehova wamabandla,
Nkosi Mlimu wami.

**4** Babusisiw' abahlala
Kuyo indlu yakho,
Bazakuhlala nje bona
Bekubonga wena.

**5** Ubusisiwe umuntu
Omandl' akh' akuwe,
Enhliziyweni eyakhe
Kulendlela zakho.

**6** Abadlul' esigodini
SeBaka basenza
Umthombo; liwagcwalise
Izul' amachibi.

**7** Basuka kuwo amandla
Besiy' emandleni,
Bonk' babonakale phambi
KweNkos' eZiyoni.

**8** Nkosi, Mlimu wamabandla,
Zwan' ukukhuleka
Kwami, ubeke indlebe,
Nkosi kaJakobe.

**9** Nkulunkulu, hawu lethu,
Khangela ubone
Ubuso bakhe yena lo
'Gcotshiweyo wakho.

**10** Ngoba usuk' olulodwa
Ngisendlini yakho
Lungcono lona kakhulu
Kulenkulungwane.

**2** Ngoba khangela, izitha
Zakho zenz' umsindo,
Labazonda wena sebe-
phakamis' ikhanda.

**3** Sebecebe ngobuqili
Ngabakho abantu,
Beceba ngabo abakho
Abafihliweyo.

**4** Bathe: Wozan' sibaqume
Bangabi yisizwe,
Ibizo lako'Srayeli
Lingasakhunjulwa.

**5** Ngoba sebecebisene
Nganhliziyonye nje,
Benza isivumelwano
Bemelana lawe.

**6** Amadumba eEdoma
LakwaIshmayeli,
Lawo awaseMowabi
LamaHagari bo.

**7** IGebali leAmoni
Lay' iAmaleki,
IFilisti labahlezi
Em'zini yeTire.

**8** Lihlangene labo futhi
Lona iAshuri,
Bona bayincedisile
Inzalo kaLoti.

**9** Benze lokhu owakwenza
KumaMidiyani,
LoSisera loJabini
Kumful' iKishoni,

**10** Ababhubha eEndori;
Baphenduka baba
Njengabo bon' ubulongwe
Basemhlabathini.

**11** Zenze zona izikhulu
Zabo zifanane
LoOrebi, njalo laye
Yenza njengoZebi.

Yebo wonke won' awabo
Amakhosana-ke
Abe njengoZeba njalo
NjengoZalimuna.

**12** Bona abasebesithi:
Asizithathele
'Zindlu zikaNkulunkulu,
Sizenze ezethu.

**13** Nkosi yami benze babe
Njenges'vunguzane,
Lanjengawo amakhoba
Amuka lomoya.

**14** Njengawo wona umlilo
Otshisa ihlathi,
Lanjengalo ilangabi
Elitshis' intaba

**15** Ngokunjalo ubaxotshe
Ngesiphepho sakho,
Njalo ubenze besabe
Ngesiqhotho sakho.

**16** Gcwalisa ubuso babo
Ngawo amanhloni,
Ukuze bading' ibizo
Lakho, wena Nkosi.



**22** Futhi ngizakukubonga
Ngalo nje ichacho,
Ngizalibonga elakho
Lona iqiniso.

Mlimu wami, kuwe ngiza-
hlabela ngogubhu,
Nguwe, o wena oNgcwele
WakoIsrayeli.

**23** Indebe zam' zothokoza
Kakhul' ngihlabela
Kuwe, lomphefum'lo wami
Owuhlengileyo.

**24** Lolwami ulimi lona
Luzakukhuluma
Ngokwakho khon' ukulunga
Ilanga lonke nje.

Ngokuba balazo zona
Izinhloni, njalo
Bahlabeke abathanda
Ukungilimaza.

## Isihlabelelo 72

*KuSolomoni.*

**1** Nkulunkulu, nik' inkosi
Izahlulo zakho,
Lay' indodana yenkosi
Ukulunga kwakho.

**2** Izabahlulel' abantu
Bakho ngokulunga,
Ibagwebe abayanga
Bakho ngemfanelo.

**3** Intaba zizalethela
'Bantu ukuthula,
Lawo amaqaqanyana
Ngakho ukulunga.

**4** Yohlulela abayanga,
Isiz' abantwana
Babasweli, ibephule
Iziq' abahluphi.

**5** Bokwesaba ingq' ilanga
Lenyanga kuhlezi
Kokuphela, kuzo zonke
Izizukulwana.

**6** Uyakwehla njengezulu
Phezu kwamahlungu,
Njengazo inhlambo zona
'Zimanzis' umhlaba.

**7** Ngensuku zayo bokwanda
Abalungileyo,
Kwand' ukuthula nxa lokhe
Inyang' isekhona.

**8** Uzabusa kusukela
Kulwandle kusiya
Kulwandl', lemfulen' kusiya
Kuz'phetho zomhlaba.

**9** Abahlala enkangala
Bazaguqa khona
Phambi kwakhe, njal' izitha
Zokhotha uthuli.

**10** Amakhosi eTarshishi
Lawo awakuzo
Izihlenge azaletha
Zona izipho bo.

Amakhosi awakhona
EShebha leSebha
Azakunika zona nje
Ezawo izipho.

**11** Yebo amakhosi wonke
Azakuwa wona
Phambi kwakhe, zonk' izizwe
Zizakumkhonza bo.

**12** Ngokuba uzamkhulula
Osweley' ekhala,
Lomyanga laye lowo nje
Yen' ongelamsizi.

**13** Wohawukela umyanga
Loswelayo, njalo
Isindise im'phefum'lo
Eyabaswelayo.

**14** Wohleng' umphefum'lo wabo
Kungoz' lodlakela,
Legazi labo lil'gugu
Emehlweni akhe.

**15** Njalo uzaphila yena,
Kuye kuzanikwa
Okwalo lon' igolide
Lon' elaseShebha.

Uzakwenzel' im'thandazo
Yena njalo njalo,
Uzakudunyiswa yena
Izinsuku zonke.

**16** Koba khon' ihetshezana
Lawo amabele
Elizweni khona phezu
Kwengqonga zentaba.

Zohatshazel' izithelo
NjengeLebanoni,
Bokhaphazel' abomuzi
Satshani bomhlaba.

**17** Ibizo layo lokuma
Kube nininini,
Ibizo lizakuhlala
Lisekhon' ilanga.

Bazakubusiswa kuye,
Lazo zonk' izizwe
Zizakutsho khon' ukuthi
Yen' ubusisiwe.

**18** Ibusisiwe iNkosi,
'Nkosi ka'Srayeli,
'Mlimu yedwa owenzayo
Imimangaliso.

**19** Kalibusiswe ibizo
Lakh' elilodumo,
Ugcwal' umhlaba ngodumo.
Ameni, Ameni.

*Imikhuleko kaDavida indodana kaJese isiphelile.*

## Isihlabelelo 73

*Isihlabelelo sikaAsafi.*

**1** Impel' iNkos' ilungile
Kuy' uIsrayeli
Lakulab' abanhliziyo
Ehlanzekileyo.



**12** Ngabanikel' kuzifiso
Zenhliziyo zabo,
Basebehamba-ke ngawo
Amacebo abo.

**13** Kungathi abantu bami
Bangangilalela,
LoIsrayeli ahambe
Endleleni zami!

**14** Masinya izitha zabo
Bengingazinqoba,
Ngiselul' isandla sami
Kwababalwisayo.

**15** Abazondi bay' iNkosi
Ngab' baz'thoba kuyo,
Ngabe sema nininini
Isikhathi sabo.

**16** Yayizakubondla ngawo
Amabel' amahle,
Ngibasuthise ngenyosi
'Zivel' edwaleni.

## Isihlabelelo 82

*Isihlabelelo sikaAsafi.*

**1** UNkulunkulu uyema
Kub' abalamandla,
Uyehlulela phakathi
Kwabonkulunkulu.

**2** Kuzaze kube nini na
Lina lahlulela
Ngokungalungi, likhetha
Abantu ababi?

**3** Vikel' abayanga lazo
Intandane, yenza
'Kulunga kwezihlupheki
Lokwabasweleyo.

**4** Ubophule abayanga
Lab' abasweleyo,
Bakhuph' esandleni sabo
'Bakhohlakeleyo.

**5** Kabaz', abaqedisisi,
Bahamb' emnyameni,
Wonk' amaseko omhlaba
Asezamazama.

**6** Mina ngitshilo ukuthi
Lingonkulunkulu,
Lina lonk' lingabantwana
Bakh' oPhezukonke.

**7** Kodwa lina lizakufa
Njengabo abantu,
Njalo liwe njengomunye
Wamakhosana nje.

**8** Vuka Nkosi, wahlulele
Wona-ke umhlaba,
Ngoba uzakudla ifa
Lezizwe zonke bo.

## Isihlabelelo 83

*Ingoma, isihlabelelo sikaAsafi.*

**1** Ungathuli, Nkulunkulu,
Ungagcini khona
Ukuthula kwakho, njalo
Ungachumi Nkosi.

## Isihlabelelo 81

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeGiththi. EsikaAsafi.*

**1** Hlabelan' kuNkulunkulu
Ongamandla ethu,
Yenzan' umsindo omnandi
Kw'iNkos' kaJakobe.

**2** Thathan' isihlabelelo,
'Leth' isigujana,
Umhubhe wona omnandi,
Kanye lal' ichacho.

**3** Vuthelanini uphondo
Ngokuthwas' kwenyanga,
Ngesikhath' es'faneleyo,
Ngowethu umkhosi.

**4** Ngoba yisimiso kuye
Yen' uIsrayeli,
Njalo ngumthetho weNkosi
Yakhe uJakobe.

**5** Lokhu wakumisa kube
Yibufakazi ku-
Josefa ekuphumeni
Kwakhe elizweni

Lona elaseGibithe,
Lapho ngezwa khona
Ulimi engingazange
Ngal' uqedisisa.

**6** Ngasusa ihlombe lakhe
Khona emthwalweni,
Zasuswa izandla zakhe
Khon' ezimbizeni.

**7** Wangibiza uphakathi
Kwalo lon' uhlupho,
Njalo ngakhulula wena,
Ngakuphendula-ke

Ngisendaweni yensitha
Kuyo imidumo,
Ngakuhlola emanzini
AwaseMeriba.

**8** Zwana wena sizwe sami,
Ngizakufakaza
Kuwe Israyeli, uba
Uzangilalela.

**9** Kakungabi khona kuwe
Uthixo wezizwe,
Njalo ungakhonz' uthixo
Yena owemzini.

**10** Mina ngiyiNkosi yakho,
NginguNkulunkulu,
Yena owakukhiphayo
Elizweni lelo

Ilizwe eleGibithe.
Khamisa umlomo
Wakho ube banzi, mina
Ngizawugcwalisa.

**11** Kodwa bon' abantu bami
Kabalilalelі
Elami ilizwi, njalo
Kangaz' u'Srayeli.



**2** Kodwa mina, inyawo zam'
Zaphose zasuka,
Izinyathelo ezami
Zazizatshelela.

**3** Ngoba ngangihawukela
Iziwula lapho
Ngibona impumelelo
Yabakhohlakali.

**4** Ngoba kakukh' izibopho
Ekufeni kwabo,
Kodwa won' amandla abo
Aqinile mpela.

**5** Kabahlupheki njengabo
Abanye abantu,
Njalo kabakhathazeki
Njengabo abanye.

**6** Ngakho ukuziqhenya bo
Kubazungezile
Njengeketane, ukulwa
Kubambokothile.

**7** Sebequnjelwe ngamehlo
Ngenxa yokunona,
Balenzuzo engaphezu
Kwabakufisayo.

**8** Babolile, bonakele,
Bakhuluma kubi,
Bepopot' imbandezelo,
Bayaziqhenya bo.

**9** Bahlambaza amazulu
Ngemilomo yabo,
Ulimi lwabo luhamba
Izwe jikelele.

**10** Ngakho-ke abantu bakhe
Babuyiswa lapha,
Bayanathiswa amanzi
Agcwele inkezo.

**11** Njalo bathi: Wazi njani
Yen' uNkulunkulu?
Kukhona yini ukwazi
Kuy' oPhezukonke?

**12** Khangela abangelaye
UNkulunkulu-ke
Baphumelel' emhlabeni,
Bande enothweni.

**13** Impela ngihlambulule
Inhliziyo ngeze,
Izandla ngizigezile
Ngaphandle kwecala.

**14** Ngokuba usuku lonke
Bengihluphekile,
Bengitshaywa ekuseni
Kwezinsuku zonke.

**15** Uba ngisithi: Ngizothi:
Bona ngocunula
Sona isizukulwana
Sabantwana bakho.

**16** Lapha ngacabanga lokhu
Ngifis' ukukwazi;
Kwakubuhlungu kakhulu
Kimi khona lokho.

**17** Ngaze ngayangena khona
Endlini engcwele
KaNkulunkulu, ngaqonda
Isiphetho sabo.

**18** Impela ubabekile
Kwezibutshelezi,
Wabaphosela kundawo
Zokuchithakala.

**19** Hay' ukuchitheka kwabo,
Behliselwe phansi
Ngomzuzwana! Baminziwe
Ngokwesabisayo.

**20** Njengephupho kovukayo,
O Nkulunkulu, nxa
Uvuka, uzadelela
Owabo umumo.

**21** Ngakho inhliziyo yami
Yayicunukile,
Futhi mina ngahlabeka
Ezinsweni zami.

**22** Ngangiyisiphukuphuku
Umgumbathakazi,
Ngaba njengenyamazana
Khona phambi kwakho.

**23** Loba kunjalo ngikuwe
Kokuphela mina,
Wena ubambe isandla
Sami sokunene.

**24** Wena uzangikhokhela
Ngeselulek' sakho,
Emva kwalokhu ungise
Enkazimulweni.

**25** Ezulwini ngilobani?
Hatshi, nguwe wedwa,
Lemhlabeni kakh' omunye
'Ngimfisa njengawe.

**26** Inyama lenhliziyo yam'
Kuyaphel', iNkosi
Ingamandla lesabelo
Sami kokuphela.

**27** Bhek', abakhatshana lawe
Bazabhubha bonke,
Uzachith' abaphingayo
Ngokusuka kuwe.

**28** Mina kuhle ngisondele
KuThixo, ngimthembe,
Ukuze ngibike yonke
Im'sebenzi yakho.

## Isihlabelelo 74

*IMasikili kaAsafi.*

**1** Nkosi usilahleleni
Ngokungapheliyo?
Kungani ucaphukele
'Zimvu zedlel' lakho?

**2** Kawulikhumbule lona
Elakho ibandla,
Lona owalithengayo
Khonale endulo,

Intonga yelifa lakho
Owalihlengayo,
Le intaba yeZiyoni
Yon' ohlezi kuyo.

**3** Phakamisa izinyawo
Zakh' kukuchitheka,
Konk' isitha esikwenze
Endawen' engcwele.



**4** Nkulunkulu wamabandla,
Nkosi, koba nini
Uzondele umthandazo
Owabantu bakho?

**5** Ubondla ngesinkwa sazo
Zona inyembezi,
Ubanike bazinathe
Kakhulu sibili.

**6** Usenzela inzondano
Labakhile lathi,
Lezitha zethu zihleka
Komunye lomunye.

**7** Siphendule njalo Thixo,
Nkosi yamabandla,
Khanyisa ubuso bakho,
Besesisindiswa.

**8** Ulikhiphile ivini
Livel' eGibithe,
Uchithil' abahedeni,
Wasulihlanyela.

**9** Ulilungisel' indawo
Laze lagxumeka,
Zatshona impande zalo,
Lagcwala umhlaba.

**10** Izintaba zimboziwe
Ngumthunzi owalo,
Lengatsha zalo zifana
Lezamasedare.

**11** Laqhelis' ingatsha zalo,
Zafika elwandle,
Lezingatshana zanaba
Zehlel' emfuleni.

**12** Wephuleleni intango
Zalo, kuze kuthi
Bonk' abedlul' endleleni
Bakhwexule lona?

**13** Ingulube yamahlathi
Izakulimotsha,
Lenyamazana zomango
Zizalidla lona.

**14** Buya sikuncenga, Nkosi
Yam'bandla, khangela
Ubone usezulwini,
Wethekel' lel'vini.

**15** Isivin' osihlanyele
Ngesakho isandla
Sokunene, lalugatsha
Waziqinisela.

**16** Lutshisiwe ngaw' umlilo,
Lwaqunyelwa phansi,
Babhubha ngokukhalima
Kobakho ubuso.

**17** Bek' isandla sakho kuye
Ongesokunene,
Endodaneni yomuntu
Oz'qiniseleyo.

**18** Khon' asiyikukutshiya,
Sisuke kuwena,
Sivuselele sobiza
Lon' ibizo lakho.

**19** Siphendule njalo, Nkosi,
Thixo wamabandla,
Khanyisa ubuso bakho,
Sizakusindiswa.

Kalusiqalele lona
Khona masinyane,
Ngoba sehliselwe phansi
Kakhulukazi bo.

**9** Sincede, o Nkulunkulu
Wosindiso lwethu,
Ngenxa yodumo lwebizo,
Ibizo elakho.

Njalo-ke usikhulule,
Uhlanze izono,
Zona ezethu, kungenxa
Yelakho ibizo.

**10** Ngani na izizwe zithi:
Uph' uThixo wabo?
Makaziwe ezizweni
Emehlweni ethu

Impindiselo yegazi
Lezinceku zakho,
Lona elaphalazwayo,
Lachitheka lona.

**11** Ukububula kwakhe nje
Yen' obotshiweyo
Kakufinyelele kuwe.
Ngawo wona lawo

Amandla akh' amakhulu
Londoloza labo
Asebemiselwe khona
Ukuthi bafe nya.

**12** Njalo buyisela kubo
Bon' omakhelwane
Kasikhombisa kusona
Isifuba sabo

Lona ihlazo elabo
Ukukudumaza
Abakuhlambaze ngakho,
Wena-ke o Nkosi.

**13** Ngakho thin', abantu bakho
Lezimvu zedlelo
Lakho, sizakukubonga
Kub' ephakadeni.

Sizakutshengisa yona
Indumiso yakho
Ezizukulwaneni-ke
Ngezizukulwana.

## Isihlabelelo 80

*Kumqondisi wokuhlabelela.*
*NgeShoshanimi. Ubufakazi.*
*Isihlabelelo sikaAsafi.*

**1** Zwana, malus' ka'Srayeli,
Ohol' uJosefa
Njengomhlambi, wen' ohlezi
Kumakherub', khanya.

**2** Phambi kukaEfrayimi,
'Benjamin', 'Manase,
Vusa amandla awakho,
Uzesisindisa.

**3** Siphendule, Nkulunkulu,
Ubenze ubuso
Bakho bukhanye-ke, thina
Sizakusindiswa.



**4** Izitha zakho zibhonga
Phakathi kwebandla,
Zamisa impawu zazo
Njengeziboniso.

**5** Indoda yaba lodumo
Ngokuphakamisa
Amahloka kuzihlahla
Zona eziqatha.

**6** Kodwa khathesi bephula
Ngezando langawo
Amahloka umsebenzi
Obaz'weyo wayo.

**7** Baphosela won' umlilo
Endaweni yakho
Engcwel', bayingcolisile
Ngokuphosa phansi

Yona eyakho indawo
Okuhlala kuyo,
Elakho ibizo lona
Isiwiswe phansi.

**8** Bath' enhliziyweni zabo:
Asizidilize.
Batshis' amasinagoge
ENkosi ezweni.

**9** Kasibon' impawu zethu,
Kakho umprofethi
Akakho phakathi kwethu
Owaz' izikhathi.

**10** Nkosi, koza kube nini
Isitha sihlaza,
Lesitha sithuk' ibizo
Lakho njalo njalo?

**11** Kungan' ufinyez' isandla
Sakho sokunene?
Sikhuphe sona kuso nje
Isifuba sakho.

**12** Ngob' uThixo uyiNkosi
Yami yasendulo,
Owenza lon' usindiso
Phakathi komhlaba.

**13** Wehlukanisa ulwandle
Ngawakho amandla,
Wephul' amakhand' ezilo
Phakathi kwamanzi.

**14** Wachoboza amakhanda
Awawo umgobho,
Ube yikudla kwabantu
Kwabasenkangala.

**15** Waqhekeza imithombo
Lazo impophoma,
Wayomisa imifula
Egeleza njalo.

**16** Ingeyakho yon' imini
Labo ubusuku,
Ulungisil' ukukhanya
Lalo ilanga bo.

**17** Wamisa imikhawulo
Yonke yomhlaba bo,
Walenza lona ihlobo
Labo ubusika.

**18** Khumbula ukuth' isitha
Sesicunulile,
Nkos', izithutha zithuka
Elakho ibizo.

**19** Nkulunkulu, unganiki
Umuphefumulo
Wejuba lakho kuxuku
Lona elababi.

Ungalikhohlwa ibandla
Labayanga bakho
Kuze kube yisikhathi
Son' esaphakade.

**20** Nanzelel' uvumelwano,
Ngokuba indawo
Ezomhlaba ezimnyama
Zigcwel' isihluku.

**21** Abahlutshwayo kabanga-
buyi belenhloni.
'Myanga lesisweli kaba-
bong' ibizo lakho.

**22** Vuka Nkosi, ululwele
Olwakho udaba,
Khumbul' is'thutha sithuke
Wena nsuku zonke.

**23** Ungalikhohlwa ilizwi
Lezitha ezakho,
Uxokozel' olwazo lu-
yanda njalo njalo.

## Isihlabelelo 75

*Kumqondisi wokuhlabelela. Alithashethi. Isihlabelelo sikaAsafi, ihubo.*

**1** Ngakuwe, o Nkulunkulu,
Siyanika khona
Ukukubonga-ke, wena
Sesiyakubonga.

Ngoba ibizo elakho
Liseduze lathi,
Lezizimanga ezakho
Zilandisa ngakho

**2** Nxa ngimisa isikhathi
Esifaneleyo
Ngizagweba ngokulunga
Okupheleleyo.

**3** Umhlaba labakhe kiwo
Babhidliziwe bo,
Kodwa insika ezawo
Ngizithwele mina.

**4** Ngathi kuzo iziwula:
Lingabi yiz'thutha,
Lingaphakamis' uphondo,
Lina izixhwali.

**5** Lingaphakamis' uphondo
Olwakho phezulu,
Liyekel' ukukhuluma
Ngentam' elukhuni.



**68** Kodwa yakhetha isizwe
Esakhe uJuda,
Intaba yaseZiyoni,
Yon' eyithandayo.

**69** Yakh' indawo yay' engcwele
Njengazo ingqonga,
Njengomhlaba eyawenza
Wem' ephakadeni.

**70** Yamkhetha yen' uDavida
Oyinceku yayo,
Yamenyula kuyona nje
Im'hlambi yezimvu.

**71** Yamsusa ekweluseni
'Zimv' ezimithiyo,
Yamondlisa ifa layo
LakoIsrayeli.

**72** Yabelusa ngobuqotho
Benhliziyo yayo,
Ngobugabazi bezandla
Zayo baqondisa.

## Isihlabelelo 79

*Isihlabelelo sikaAsafi.*

**1** Nkulunkulu, abezizwe
Sebengene kulo
Ilifa lakho, njalo bo
Ithempeli lakho,

Ithempeli elingcwele,
Balingcolisile,
Njalo sebedilizile
IJerusalema.

**2** Izidumbu zezinceku
Zakho bazenzile
Zaba yinyama yokudla
Kuzo izinyoni.

'Nyama yabathembekile
Bakho banikela
Kuzona inyamazana
Ezisemhlabeni.

**3** Baliphalaza igazi
Lezinceku zakho
Njengamanz' eJerusalem',
Baswela umgcwabi.

**4** Sesibe lihlazo thina
Kubomakhelwane,
Ihlazo lal' uyangiso
Kwabasihanqile.

**5** Koza kube nini Nkosi?
Uzonde kok'phela?
Umona wakho wovutha
Njengomlilo yini?

**6** Thel' ulaka lwakho kubo
Abangakwaziyo,
Abahedeni lem'buso
Engakubiziyo.

**7** Ngoba sebemdlile yena
UJakobe njalo
Bayichitha indlu yakhe
Yon' eyokuhlala.

**8** Ungasibalel' izono
Zethu zamandulo;
Umus' olothando lwakho
Olukhulukazi

**54** Wabas' endawen' engcwele
Lakule intaba,
Ayithenga ngas' isandla
Sakhe sokunene.

**55** Waxotsha abahedeni
Njalo phambi kwabo,
Wabahlazulula bona
Baba lifa labo

Ngokulandelana, njalo
Wenz' izizwe zaba-
koIsrayeli zakhela
Emadumben' abo.

**56** Kodwa bamlinga bamona
Yena uSomandla,
Kabayigcinanga yona
Imilayo yakhe.

**57** Kodwa babuyel' emuva,
Kabathembekanga,
Njengoyise baphambuka
Okomtshok' ukhutha.

**58** Bamzondisa ngendawo zab'
Eziphakemeyo,
Bamthela umona ngezi-
thombe zokubazwa.

**59** UNkulunkulu ekuzwa,
Wazonda kwakubi,
Wasemenyanya kakhulu
Yen' uIsrayeli.

**60** Walitshiya idokodo
Lokukhonz' eShilo,
Ithente owalibeka
Phakathi kwabantu.

**61** Wanikel' amandla akhe
Kukho ukuthunjwa,
Lodumo lwakhe kusona
Isandla sesitha.

**62** Wanikel' abantu bakhe
Njalo emhedleni,
Futhi walizondela nje
Lon' ilifa lakhe.

**63** Umlilo wawaqothula
Amajaha abo,
Lezintombi zabo kazi-
zuzanga ukwenda.

**64** Abaprisiti ababo
Baqedwa ngenkemba,
Labafelwakazi babo
Kababalilela.

**65** Yase ivuka iNkosi
Njengophaphamayo,
Njengeqhawe limemeza
Linath' iwayini.

**66** Yatshaya izitha zayo
Kundawo zemuva,
Yaziyangisa kakhulu
Futhi kokuphela.

**67** Futhi yalala idumba
ElikaJosefa,
Ayikhethanga isizwe
SikaEfrayimi.



**6** Ukuphakam' akuveli
Kuy' impumalanga,
Ngitsho lay' intshonalanga,
Lakuyo izansi.

**7** Kodw' iNkosi ingumgwebi,
Phans' ibek' omunye,
Omunye imphakamise,
Imuse phezulu.

**8** Ngob' esandleni seNkosi
Kukhona inkezo
Lewayini, yon' ebomvu,
Ihlanganisiwe.

Esethulul' iwayini,
Abakhohlakele
Inzece bazayinatha
Yona, bayiqede.

**9** Kodwa ngizatshumayela
Njalo kokuphela,
Ngizabong' uNkulunkulu,
Yen' okaJakobe.

**10** Impondo zabaxhwalile
Ngizaquma zonke,
Ngiphakamise ezabo
Abalungileyo.

## Isihlabelelo 76

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeNeginothi. Isihlabelelo sikaAsafi, ihubo.*

**1** UJehova uyaziwa
Khonale koJuda;
Ibizo lakhe likhulu
KoIsirayeli.

**2** LaseSalema likhona
Idumba elakhe,
Lendawo yakhe ahlala
Kuyo eZiyoni.

**3** Khonapho-ke wayephula
Yona imitshoko
Yedandili, amahawu,
Lemihedla lempi.

**4** Lukhulu udumo lwakho
Okwedlulisayo,
Luhl' okwedlula intaba
Zakho ukuphanga.

**5** Baphangiwe labo bona
Abazigqajayo,
Bazilalel' ubuthongo
Obukhulu babo.

Akukho won' amadoda
Alamandla awo,
Asezifumene zona
Izandla ezawo.

**6** Kukho ukukhuza kwakho,
Nkosi kaJakobe,
Inqola lay' imbongolo
Kulele sibili.

**7** Wena kanye kawesatshwe.
Ngubani ongema
Phambi kobakho ubuso
Nxa usuzondile?

**8** Usenzile isigwebo
Khonal' ezulwini,
Umhlaba wasusesaba,
Wathula wathi zwi.

**9** Yath' iNkosi isukuma
Isiyakugweba,
Ukukhulul' abamnene
Abasemhlabeni.

**10** Qotho, ulaka lwabantu
Luzabonga wena,
Oluseleyo lolaka
Uzakulukhina.

**11** Yenzanini izifungo,
Lizigcwalise-ke
ENkosin' uNkulunkulu,
Yena owakho bo.

Bonke abamhanqileyo
Kabaleth' izipho
Kuye lowo abamele
Bamesabe yena.

**12** Uzakuwuqum' umoya
Owamakhosana,
Ngokuba uyesabeka
Kumakhosi ezwe.

## Isihlabelelo 77

*Kumqondisi wokuhlabelela. NgeJeduthuni. Isihlabelelo sikaAsafi.*

**1** Ngakhalela eNkosini
Ngalo ilizwi lam',
Kuye yen' uNkulunkulu
Wabek' indlebe kim'.

**2** Ngosuku lohlupho lwami
Ngayiding' iNkosi,
Izandla zam' zeluliwe
Ubusuku bonke

Njalo kazizange zona
Zimiswe, owami
Umphefum'lo walile bo,
Ukuth' ududuzwe.

**3** Ngakhumbul' uNkulunkulu
Ngasengihlupheka,
Ngakhalaza umoya wam',
Waphela amandla.

**4** Ugcine amehlo ami,
Angaze alala,
Ngidubekile sibili,
Angingekhulume.

**5** Ngakhumbula izinsuku
Zona ezendulo,
Layo iminyaka yona
Eyasekadeni.



**40** Kukangaki bemcunula
Khonale enhlane,
Bemdabula kokuphela
Khona enkangala!

**41** Ye, babuyela emuva,
Balinga iNkosi,
Bamqumela oyiNgcwele
WakoIsrayeli.

**42** Kabakhumbulang' isandla
Sakhe, futhi lazo
Insuku zokubahlenga
Ezitheni zabo.

**43** Lokwenza kwakh' 'ziboniso
Zakhe eGibithe,
Lemimangaliso yakhe
Kulizwe leZowan'.

**44** Wenza imifula yabo
Yaba ligazi-ke,
Lamanzi abo ukuze
Bangawanathi-ke.

**45** Wabathumel' impukane
Izinhlobonhlobo,
Zabaqeda, lamaxoxo
Asebabhubhisa.

**46** Futhi wasenikela nje
Amabele abo
Kumacimbi, lentetheni
Umsebenzi wabo.

**47** Wasechitha amavini
Awabo ngamatshe
Esiqhotho, lemikhiwa
Yabo ngongqwaqwane.

**48** Wanikel' inkomo zabo
Lazo kusiqhotho,
Lemhlambi yabo kumbane
Otshisay' uthi bhe.

**49** Wabahlasela ngolaka
Lwakhe olukhulu
Olwesabekayo, ngoba
Lulenzondo yakhe,

Ulaka lentukuthelo,
Layo inkathazo,
Ngokuthuma ingilosi
Ezimbi kubona.

**50** Walungisela inzondo
Eyayo indlela,
Kaphephisang' umphefum'lo
Wabo ekufeni

Kodwa-ke wakunikela
Ukuphila kwabo
Ngokupheleleyo kuye
Umatshay'-abhuqe

**51** Watshaya amazibulo
Wonke eGibithe,
Ubukhulu bamandl' abo
Kumadumb' eHamu.

**52** Kodwa wenz' abantu bakhe
Bahambe sazimvu,
Wabakhokhela enhlane
Babe njengomhlambi.

**53** Wabahola begciniwe
Bengelakwesaba,
Kodwa ulwandle lwaminza
Izitha ezabo.

**27** Wayikhithiza inyama
Kibo njengothuli,
Lenyon' njengetshebetshebe
Elaselwandle bo.

**28** Wakwenza kwawela khona
Phakathi kwenkamba
Yabo, kwagombolozela
Amadumba abo.

**29** Ngakho-ke badla basutha,
Wasebagcwalisa
Ciki, ngokuba wabapha
Ngezifiso zabo.

**30** Kabazange bakhunyulwe
Kuzifiso zabo,
Kwathi besayimumethe
Inyama ngem'lomo,

**31** Ulak' lukaNkulunkulu
Lwehlel' phezu kwabo,
Abakhuluphelis'leyo
Lwabulala bona.

Lwasel'wawisela phansi
Wona amajaha
Awangabakhethiweyo
AkoIsrayeli.

**32** Phezu kwakho konke lokhu
Bona kokuphela,
Kabakukholwanga ngenxa
Yezimanga zakhe.

**33** Ngakho-ke insuku zabo
Waziqeda ngeze,
Leminyaka yabo yonke
Ezinhluphekweni.

**34** Lapho esebabulala,
Basebemudinga,
Baphenduka ngokutshetsha,
Bafuna iNkosi.

**35** Basebekhumbul' ukuthi
INkosi yayili-
dwala lab', uNkulunkulu
Ungumhlengi wabo.

**36** Kodwa bamqila ngomlomo
Wabo, langamanga
Bemqambela yena, futhi
Langenlimi zabo.

**37** Ngoba inhliziyo yabo
Yayingalunganga
Kuye, futhi kabagcini
'Sakh' 'sivumelwano.

**38** Kodwa yena wayegcwele
Isihawu, ngakho
Waxolela impambeko,
Kababhubhisanga.

Yebo kanenginengi bo
Waphephis' inzondo
Yakhe, akaqubulanga
Lonk' ulaka lwakhe.

**39** Ngoba wakhumbul' ukuthi
Babe yinyama nje,
Bengumoya odlulayo,
Ungab' usabuya.



**6** Ngikhumbula ingoma yam'
Khona ebusuku,
Ngakhulum' lenhliziyo yam',
'Moya wam' wahlola.

**7** INkosi izakulahla
Kokuphela yini?
Ayisayikubuye bo
Ithande futhi na?

**8** Siphelile isihawu
Sayo phakade na?
Saphela isithembiso
Yini kokuphela?

**9** Isikhohliw' iNkosi na
Ukuba lomusa?
Ngolaka lwayo isival'
Is'hawu sayo na?

**10** Ngathi: Yibuthakathaka
Bami, ngokhumbula
'Minyaka yesokunene
SoPhezukonke bo.

**11** Ngokhumbula im'sebenzi
Eyayo iNkosi,
Qotho, ngokhumbula zona
'Zimanga zendulo.

**12** Ngizacabanga njalo bo
Ngem'sebenzi yakho
Yonke, ngikhulume ngazo
Izenzo ezakho.

**13** Eyakho indlela, Nkosi,
Isendlini yakho.
Ngubani omkhulu onje-
ngoNkulunkul' wethu?

**14** UnguNkulunkul' owenza
Imimangaliso,
Utshumayel' ebantwini
Wona amandl' akho.

**15** Ngengalo yakh' uhlengile
Abantu abakho,
Amadodan' kaJakobe
LawakaJosefa.

**16** Amanzi akubonile,
Wena Nkulunkulu,
Amanzi lobunzulu bo
Konke kwahlupheka.

**17** Amafu ehlis' amanzi,
Isibhakabhaka
Saduma, lay' imitshoko
Yakh' yasabalala.

**18** Ilizwi lay' imidumo
Lalisezulwini,
Yakhanyis' izwe im'bane,
Wazamazam' 'mhlaba.

**19** Isolwandl' indlela yakho,
'Manzin' amanengi,
Lezinyathelo ezakho
Zona kazaziwa.

**20** Wahola abantu bakho
Njengawo umhlambi
Ngesandla sikaMozisi
Laye uAroni.

# Isihlabelelo 78

*IMasikili kaAsafi.*

**1** Lalelani, bantu bami,
Umthetho owami,
Indlebe zenu kazizwe
'Mazw' omlomo wami.

**2** Ngizavul' umlomo wami
Ngomuzekeliso,
Ngitsho amazw' ayimfihlo
Asephakadeni.

**3** Wona lawo esawezwa,
Njalo esawazi,
Esawatshelwayo thina
Ngabobaba bethu.

**4** Kasiyikuwafihlela
Abantwana babo,
Sibonis' izizukulu
Zona ezizayo

Izibongo ezeNkosi
Lamandla awayo
Lem'sebenz' eyenzileyo
Emangalisayo.

**5** Yamisa ubufakazi
Khona koJakobe,
Yamisa lawo umthetho
Khona ko'Srayeli.

Yalaya bona obaba
Ngawo, ukuze-ke
Baw'fundise abantwana
Babo ukuwazi.

**6** 'Kuze isizukulwana
'Sizayo sikwazi,
Labantwana baso labo
'Bazazalwa bazi,

Lalabo abazavela
Bayitshumayele
Enzalweni yabo phela,
Abantwana babo.

**7** Ukuze ithemba labo
Libekw' eNkosini,
Bengakhohlw' izenzo zayo
Lemithetho yayo.

**8** Bengabafuzi oyise,
Ababeqholoza,
Isizukulwana leso
Esasihlubuka.

Kabazanga balungise
Inhliziyo yabo,
Wawungaqinang' umoya
Wabo eNkosini.

**9** Inzalo kaEfrayimi,
Ihlome ngem'tshoko,
Yabuyela khon' emuva
Ngosuku olwempi.

**10** Kabasigcinanga sona
Isivumelwano
SeNkosi, bal' ukuhamba
Emthethweni wayo.

**11** Bayikhohlw' imisebenzi
Yayo njalo layo
Imimangaliso yayo
'Bayitshengiswayo.



**12** 'Mimangaliso yayenza
Phambi kwaboyise
Elizweni leGibithe,
Kumango weZowan'.

**13** Yadabula ulwandle-ke,
Yabenza bachapha,
Yawenza amanzi ema
Aba njengenqumbi.

**14** Emini yabakhokhela
Ngensika yeyezi,
Lebusuku bonke njalo
Ngokukhany' komlilo.

**15** Yawaqhekeza amatshe
Khona enkangala,
Yabanathisa amanzi
Awenziki yona.

**16** Yavul' izifula khona
Ziphum' edwaleni,
Yawagelezis' amanzi
Phansi njengem'fula.

**17** Kodwa bang'khona besona,
Ye, kakhulukazi,
Bacunul' oPhezukonke
Khonale enhlane.

**18** Bamlinga uNkulunkulu
Ngenhliziyo zabo
Ngokucelela ukudla
Inkanuko zabo.

**19** Ye, baphikisa iNkosi,
Bath': Angalungisa
UNkulunkulu enhlane
Itafula yini?

**20** Bona, watshaya idwala
Njalo-ke amanzi
Ampompoza agcwalisa
Im'fula yagabha.

Kambe angabanika na
Laso isinkwa-ke?
Angabanika inyama
Abantu bakhe na?

**21** Ngakho iNkosi yakuzwa
Yabacunukela
Yamvuthela uJakobe
Umlilo, lolaka

**22** Lakuye uIsrayeli.
Ngoba bengamkholwa
UNkulunkul', bengathembi
Kusindiso lwakhe.

**23** Lanxa wayelawulile
Amafu phezulu,
Wayivula iminyango
Eyasezulwini.

**24** Wayebanisele phansi
Imana, bayidle,
Wabapha law' amabele
Awasezulwini.

**25** Umuntu wadla ukudla
Okudliwa yizo
Izingilosi, lenyama
Wabapha yagcwala.

**26** Wawuphephetha umoya
Owempumalanga
Ezulwini, ngamandl' akhe
Lowezansi weza.